

Ukhetho lona lwenziwa kanjani-ke?

Umlawuli wokhetho omele isikole ukhipha izicelo zokuthi kuphakanyiswe amagama alabo abamelwe ukungenela ukhetho, abize umhlangano wokuphakamisa amagama, abeke nosuku lwano. Kumele lezi zimemo zisakazwe emphakathini esikhathini esiyizinsuku ezimgama-21 ngaphambi kosuku lomhlangano. Kumele kunikweabantwana izimemo eziprintiwe bazidulusele kubazali kusasele izinsuku eziyi-14 kufike usuku lomhlangano.

Ngimkhetha kanjani umuntu engifuna ukuphakamisa igama lakhe?

Umuntu ozomela ukhetho uphakanyiswa ngumuntu osemkhakheni wakhe aphinde esekelwe ngomunye naye osemkhakheni owodwa nalowo ophakanyiswayo. Kumele kube nefomu lokuphakanyiswa kwamagama elizogcwalisa ngophakamisayo, owesekelayo kanye nophakanyiswayo, linikwe umlawuli wokhetho wesikole engakapheli amahora angama-24 ngaphambi kosuku lomhlangano. Igama lomuntu ovele eyilungu lesigungu lingethulwa ngesikhathi samagama aphakanyisiwe ngosuku lomhlangano, kodwa kudingeka umuntu okulowo mkhakha wophakanyiswayo kube nguye owesekela lokho kuphakanyiswa kwegama lomuntu oyilungu vele. Sekungagcwaliswa-ke ifomu elifanele ntambama. Kumele abazali bafinylele enanini lamaphesenti ayi-15 ukuba umhlangano ukwazi ukuqhube. Kungenjalo kumele uhlehliselwe olunye usuku.

Ngivota kanjani-ke?

Kumele kube namaphepha okuvota. Liliye kumele libe nesitembu sesikole noma okunye okusemthethweni okuzovimbela ukwephulwa komthetho. Kumele kube ngumuntu onelungelo lokuvota kuphela ozovota ngasese bese efaka iphepha ebhokisini. Uma kakhona abanenkinga ngokuthi bavota kanjani kumele bacele usizo kubalawuli bokhetho.

Kulandelani futhi?

Emva kokubalwa kwamavoti, ilungu ngalinye lesigungu kumele lajiswe ngencwadi. Uthishomkhulu ubiza umhlangano wokuqala wesigungu ezinsukwini eziyi-14 emva kokhetho ukuze abamelwe ukuphatha izikhundla ezithile bakhethwe. Uma sebekhethiwe laba, uthishomkhulu ubhalela imenjenya yesiyingi ayazise ngamagama abantu abakhethelwe esigungwini.

Khumbula:

Isigungu-ke lesi kanye nabo bonke abakhethelwe kuso bathwele umsebenzi wokumela umphakathi esikoleni. Yiso isigungu esizobiza imihlangano yabazali sizobazisa mhlawumbe ngokukhuphuka kwezimali zesikole kanye nokunye okubalulekile bese kuthi izinqumo zonke ezithathwayo zenziwe uma bezamukele abazali.

Abaningi kubazali namalungu omphakathi abavamile ukuvuma ukuba kuphakanyiswe amagama abo ngoba becabanga ukuthi banemisebenzi ezobavimba ukuthi bazibandakanye nezindaba zesikole. Empeleni kumele emva kokhetho labo abangenile esigungwini bahlangane bakhethi izinsuku zemihlangano ezizovumelana nezikathhi zabazali abasebenzayo nabangasebenzi.

Qiniseka ukuthi uyazinika ithuba lokubeka imibono nokuyisukumela imfundo yomntwana wakho; kungaba ngendlela yokungenela ukhetho lwasigungu kumbe ngokuphakamisa abantu obabona befanelekile ukuba sesigungwini esilawula isikole, noma hlawumbe ngokuba khona emhlanganweni wokhetho. Makube khona okushoyo njengelungu lomphakathi eliyithandayo imfundo kanye nekusasa leNingizimu Afrika.

Uma unemibuzzo thinta uthishomkhulu wesikole sakho, ihhovisi lesiyingi sakho kumbe uMnyango weMfundu yamaBanga aPhansi enombolweni ethi: (012) 357 4277.



Isicelo esibalulekile kubazali nomphakathi

Bamba iqhaza eSigungwini esiLawula iSikole (SGBs)

Funda lokhu

Kubo bonke abazali!

Bamba iqhaza eSigungwini eSilawula iSikole uthuthukise imfundo yabantwana. Izikole zikaHulumeni eNingizimu Afrika zibalelwa ema-24 000. Isikole ngasinye sineSigungu esiLawula iSikole (SGB) esibunjwe ngokwentando yabantu. Ukubamba iqhaza okhethweni lwaesi sigungu kubaluleke kakhulu. Wonke umzali ozibandakanyayo kulolu khetho uba yingxene yeIukuluku likaHulumeni lokwenza ngcono imiphumela yemfundo. Lokhu kusisiza ukuthi sifinyelele ezinjongweni zokuqinisekisa imfundo eseizingeni eliphakeme kuzo zonke izikole zethu. Leli-ke yithuba lakho njengomzali kumbe ilungu lomphakathi lokuthi ubalwe nawe uma sekuvela ubungcono ekusebenzeni kwezikole zethu.



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Singasichaza sithini iSigungu esiLawula iSikole?

iSigungu esiLawula iSikole kusemaholome aso ukucinisekisa ukuthi isikole siqhuba ngendlela enhle neyamukelekayo. Lezi Zigungu zokuLawula iZikole zibaluleke kakhulu emakhankasweni wokwenza ngcono imfundu; ziqinisekisa ukulawulwa ngokuyikho kwezikole; zibheke futhi ukuthi izikole ziyahlangabezana nezinjongo zabazali; ziphinde zisize ukwenza ukuthi inkokhelo yemfundu isabalale nomphakathi wonke bese zisiza ukulwa nokucwasana ngokwebala, ngokobulili kanye nakho konke nje ukungabekezelani okungafanele. Lezi zigungu ziphinda zithwale umthwalo wokusebenzela umphakathi, ngakho kumele zisebenze ngokuzinikela nokuzikhanda ukuze ukufundisa nokufunda kufinyelele elincomekayo ezikoleni zonke zethu.

Yini ngempela umsebenzi weSigungu sokuLawula iSikole?

iZigungu zalolu hlobo zidlala indima ebalulekile ekwakheni inqubomgommo ezintweni ezinthina izilimi, inkolo, ukukhokhwa kwemali yesikole kanye nokuziphatha kwabafundi. Nokho, kumele sikhumbule ukuthi iSigungu sokuLawula iSikole sipholekile ukuthi sibumbe inqubomgommo:

- Evumayo ukuthi zonke izingane zaseNingizimu Afrika zinikwe ithuba lokuba yingxene yokufundiswa;
- Ekuthuthukisayo ukulwa nokucwasana ngokwebala kanye nokulingana phakathi komfundu oyintombazane nongumfana;
- Ewusizayo umphakathi ukuhlonipha nokwamukela zonke izinkolo ezikhona ezweni lethu;
- Ebagugquzelayo abantwana ukuthi bakhulume zibe ningi izilimi zakuleli, newahloniphayo amalungelo abantwana ukuze kugugquzeleke izindlela zokuxazulula izinkinga ezingenalo udlame.

Kungani abazali kumele bazibandakanye neSigungu sokuLawula iSikole?

Unethuba elihle njengomzali lokugugquzelu ukusebenzisa kahle amathuba kubo bonke abafundi abafunda nomntwana wakho esikoleni esifanayo. Lokhu uyokwenza ngokuthi ubambe iqhaza ekukhethweni kweSigungu sokuLawula iSikole onyakeni we-2012. Wumthwalo womzali ngamunye ukuzinikela ezintweni ezenziwa ukulawula isikole lapho ingane yakhe ifunda khona. Lokhu kuqinisekisa yena umzali ukuthi ingane ifunda esikoleni esizinikole ukwethulela ingane yakhe imfundu eseizingeni elincomekayo, hhayi yona kuphela kodwa bonke nje abafundi abamekulwe kuleso sikole. Sekubonakele ukuthi izikole ezinabazali ababambisene ekulawulweni kwasikole yizo eziba nemiphumela emihle yokufunda nokuphathana. Ngaleylo ndlela kubalulekile ukuthi bonke abazali bazibandakanye ezintweni ezenzeka esikoleni sezingane zabo. iSigungu sokuLawula iSikole yiso kanye esisimeni esihle sokunika abazali leli thuba. Sicela ungathuli nje! Zinikele ekubambeni iqhaza emfundweni yengane yakho. Ziqaqinisekise ukuthi uwenzile nawe umahluko esikoleni. Umsebenzi wakho njengomzali kumbe ilungu lomphakathi ukuthi wenze nawe lokho onamandla okukwenza. Umvuzo wakho kuzoba ukuphenduka ibe ngcono imfundu yabantwana. Imfundu engezi nje kubo nekusasa elikhanyayo kuphela kodwa ezoqinisa isizwe eNingizimu Afrika yonkana.

Ukhetho IweSigungu Iwenzeka nini-ke?

Ukuze ukhetho IweSigungu zokuLawula iZikole Iwensiwe lube ngolwentando yabantu kungoba kuhloswe ukuthi lezi zigungu zibe semthethweni kuzo zonke izikole. NgokoMthetho weZikole eNingizimu Afrika, lezi zigungu kumele zikhethwe kabusha njalo eminyakeni emithathu. Sekubekwe-ke ukuthi ukhetho olulandelayo lube ngenyanga kaNdasa onyakeni we-2012.

Ngubani omelwe ukuba lilungu lesigungu sesikole?

Isigungu lesi siba namalungu abalulekile emphakathini: abazali ikakhulukazi, othisha, abathile esikoleni abangekho emkhakheni wokufundisa, abafundi (abeBanga lesi-8 nangaphezulu) kugcine amalungu umphakathi. Ubulungu buwunyaka owodwa emalungwini asafunda, bese kuba yiminyaka emithathu kuwo wonke amanye amalungu. Othishomkhulu bona baba ngamalungu ngaphandle kokukhethwa.

Who serves on the SGB?

Ngubani omelwe ukuba lilungu lesigungu sesikole?

Amalungu:

- Abazali bezingane ezikuleso sikole;
- Abasemkhakheni wokufundisa;
- Abafundi beBanga lesi-8 nangaphezulu;
- Abathile esikoleni abangekho emkhakheni wokufundisa;
- Uthishomkhulu ngokwesikhundla sakhe esisemthethweni; bese kuba
- Ngamalungu akhethwa yisigungu

Ngubani ofanelekile ukuba yilungu lesigungu sesikole?

Akekho ovumelekayo ukuba yilungu lesigungu uma:

- Egula ngengqondo futhi eqinisekiswe yinkantolo yomthetho ukuthi unjalo;
- Eke wabekwa icala wavalelwu esitokisini akanganikwa ithuba lokukhokha inhlawulo esikhathini esingangezinyanga eziyisithupha, noma engakangeni ejele ukuyodonsa isigwebo; noma futhi kungumuntu obalulwe njengocwile kakhulu ezikweletwini ezingakalungiswa; kumbe
- Engasaweli emkhakheni walabo abafaneleke ukukhethwa njengamalungu esigungu kusukela ekhethiwe.

Kungabe avumelekile yini ukuba sesigungwini amalungu umphakathi angebona abazali?

Yebo! Isigungu sona uqobo sivumelekile ukukhetha amalungu anobuchule obuthile obungasiza sona kanye namalungu aso esikoleni. Noma yiliphi ilungu lomphakathi elinamakhono athile, akhayo, uthando lokuthile kanye nokuzinikela ekuthuthukiseni izinga lemfundo, livumelekile ukukhethwa. Kwenzeka noma kutholakala ukuthi isigungu sidinga umuntu okwazi ukuqoqa izimali zomnikelo, onekhono lokumaketha kumbe onelamakhompiyutha, angaba nangumuntu owafunda kuso isikole mhlawumbe osengusomabhizinisi khona emphakathini. Kubalulekile kodwa ukwazi ukuthi amalungu akhethwe yisigungu uqobo lwaso awanalo ilungelo lokuvota kodwa anelungelo lokusiza isikole ngamakhono awo akhethekile.

Simelwe ukuba ngakanani ngobukhulu isigungu sesikole?

Inani labazali abangamalungu kumele lileqe inani labo bebonke abangebona abazali bebe benawo amalungelo okuvota.

Isifundazwe ngasinye kumele kubo yiso esihlela inani lama lungu okumele akhe iSigungu sokuLawula iSikole. Lokhu kumele kususelwne nasenanini labafundi abafunda kuleso sikole. Ukuhlela inani lama lungu kanjena kungomunye wemithetho yesifundazwe elawula izinto ezithinta imfundu.

Bangaki-ke abaphatha izikhundla abatonyulwa esigungwini?

An SGB must elect office-bearers, including a Chairperson, Treasurer and a Secretary. These appointments must be made at a registration meeting, to be held within 14 days of the election of the SGB. Only a parent member may serve as Chairperson of the SGB.

Isigungu simelwe ukuhlakazwa esikhathini esingakanani?

Ngaphandle kwamalungu angabafundi, isigungu sisonke sihlala ngokusemthethweni isikhathini esingengaphezulu kweminyaka emithathu. Amalungu angabafundi kanye nalawo aphethi izikhundla ezithile aba ngamalungu isikhathini esingangonyaka owodwa. Labo abasezhkhundleni bavumelekile ukulumela futhi ukhetho uma sesiphelile isikhathini sabo esiwunyaka owodwa.